**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lesibili)**

**OCTOBER / NOVEMBER 2005**
**OKTOBER / NOVEMBER 2005**

**ISIKHATHI: 3 amahora**

**IMIKLOMELO: 100**

---

**IMIYALO**:

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B, noC.
- Isigaba A umbuzo 1 uphoqelekile.
- Isigaba A umbuzo 2 khetha uphendule imibuzo emibili.
- Isigaba B noC sinemibuzo emibili ngasinye, phendula umbuzo owodwa kuleso naleso sigaba.
- Uma ukhethe ukuphendula umbuzo omude kusigaba B phendula umbuzo onezimpendulo ezimfishane kusigaba C.
- Uma ukhethe ukuphendula umbuzo onezimpendulo ezimfishane kusigaba B phendula umbuzo omude kuC.

---

## ISIGABA A

## UMBUZO 1

## IZINKONDLO

***Usinga I*** – **N.S. Ntuli**

Lo mbuzo uphoqelekile.

Funda le nkondlo bese uphendula imibuzo engezansi.

**UNDODA**

Wahamba wathi uyosebenza,
Yafika iminyaka yedlula,
Kwelamana abantu namathuna,
Kwabo kwavalwa ngehlahla,
Lutho uNdoda ukubuya
EGoli kwaNdonga-ziyaduma.

Abazali bakhala zaze zoma,
Bafa izinhliziyo zifulathele,
Zifuna emadolobheni ngamadolobha,
Hleze usendleleni uzophos'itshe;
Lutho uNdoda ukubuya
EGoli kwaNdonga-ziyaduma.

Abanye bamkhomba ezidakaneni,
Bathi wabulawa ngodukanezwe,
Abanye bathi usezinkomponi,
Lagcina lenziwe nehlambo lakhe;
Lutho uNdoda ukubuya
EGoli kwaNdonga-ziyaduma.

1.1 Nikeza umqondo osobala wale nkondlo. (3)

1.2 Ngokuzwa kwakho inkondlo, yini ihlambo? (1)

1.3 Ngabe imbongi ichazani uma ithi “Kwelamana abantu namathuna”? (2)

1.4 Kusuke sekwenzenjani uma “sekuvalwe ngehlahla”? (2)

1.5 Yini udukanezwe? (2)
**[10]**

## UMBUZO 2

Phendula imibuzo ibe mibili kuphela.

2.1 Funda le nkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo engezansi:

***Imvubelo* – A.M. Maphumulo**

**KWELAKITHI**

Lezo nsengwakazi ezibhonsayo
Kuphose kugqabuk’iphimbo
Zenanelw’ukukhala kwamandekane;
Okuzwa kunyant’igazi;
Kuyangitshela lapha kukwelakithi
Kweleyam’inkaba.

Lolo nyelel’olufinineka phakathi
Kwezihlahlan’ezimboz’amaqele
Kuhle komoya womngenela,
Lungifice ngiphumule kwelami,
Ilawu lotshani nodaka,
Luphele lonk’usizi.

Ngiphumel’emnyango ngokuguqa
Ngikhangw’amadlel’aluhlaza,
Ezansi namafindo ezintaba
Ngibone abakhapheyana bezalukisa
Izinkomo, izimbuzi nezimvu,
Lapho-ke kukwaMalandela.

Ngenhlazane laph’imvelo
Isihlobe ngakho konke,
Ngiduduzw’ikakhulu yileyo
Mibhonso yezinsengwakazi
Nemizwilili yezinyonyana zehlobo,
Okuhlangana kwenz’umpe lothando.

2.1.1 Ichazani imbongi uma ithi: “Kweleyami inkaba” (1)

2.1.2 Ngabe iphumula kuphi imbongi? (1)

2.1.3 Yini eyenza imbongi iphumele emnyango ngokuguqa? (2)

2.1.4 Shono izinto ezimbili ezenza imbongi ibone ukuthi ikwaMalandela. (2)

2.1.5 Moya muni esiwuthola kule nkondlo? Sekela impendulo yakho. (3)

2.1.6 Nhloboni yesifenqo esiqukethwe yilo mugqa? “Ngenhlazane laph’imvelo isihlobe ngakho konke” (1)

2.1.7 Ichazani imbongi ngalesi sifenqo esingenhla? (1)

2.1.8 Kukuphi kwaMalandela? (1)

2.1.9 Nhloboni yemvumelwano etholakala esigabeni sesithathu? Tomula izibonelo. (2)

2.1.10 Yini abakhapheyana? (1)
**[15]**

**NOMA**

2.2 Funda le nkondlo bese uphendula imibuzo ezolandela:

> Baqhub’imbuzi bayadidizela bediyazela,
> Umpongo lwezwi luyampompoloza lumpongoloza,
> Kuqhuma esiletha umunyu isililo,
> Kuqhuma nhlamba kuqhume nduku,
> Kuqhume isililo kuqhume uhleko,
> Bancinde encumbeni yegwebu lakho.
>
> Abakuzuzile bacokeme kwantengezelayo amagatsha
> Bakudembesele bakweya wabadakisa badakwa
> Zembuleka ngembelekeqe izimfihlo namaqiniso
> Namhlanje mvubelo yolwazi badakwe umbuso
> Kuqhume uhleko sebeshwashwada beshweshweza,
> Kuqhume isililo kwabakukhafula besab’ukudakwa.
>
> Imiqondo uyivubele wayidunga yadideka,
> Iphambili labadida badumala badangala,
> Aluhlaza amadlelo waweneka abadoba,
> Ukudikibala bakudumaza badumba impumelelo
> Imiqondo ngolwazi uyidakise yaqonda,
> Iqonda amaqiniso nezimfihlo okwembulile.

2.2.1 Nikeza umqondo ojulile wale nkondlo. (5)

2.2.2 Nhloboni yesifenqo esiqukethwe yilo mugqa futhi sichazani? “Baqhuba imbuzi bayadidizela”. (2)

2.2.3 Ichazani imbongi ngalokhu? “Kuqhuma nhlamba kuqhume nduku” (2)

2.2.4 Isigaba sokuqala siqukethe izinhlobo ezimbili zokuxhumana. Bhala lezo zinhlobo unikeze nezibonelo zakhona. (4)

2.2.5 Kusuke sekwenzenjani uma abantu: “sebeshwashwada beshweshweza” (1)

2.2.6 Sithini isihloko sale nkondlo? (1)
**[15]**

**NOMA**

2.3 Funda le nkondlo bese uphendula imibuzo ezolandela:

**NTANDOKAZI YAMI**

Ezinsizini zakwamhlaba,
Empelathemba kuqhath'umunyu
Kweyam'inhliziy'engenasikhundla,
Ngizilahla kuwe S'thandwa,
Sondel'ungiduduze S'thandwa,
Ngisondeze kwelakh'igazi.

Ngizw'intokomalo yobuwena
Bangigcona ngapha nangapha
Kodw'usifunani isicwicwicwi?
Ntandokazi yami ngingowakho.

Ndoni yami yamanzi,
Ufana nelanga liphum'ehlobo,
Elakh'ikhanda yimbokod 'ebushelelezi
Namabhamuz'afana nakaMabhengwana,
Kweyam' ufana nembal'eqhakazil'endle,
Ubusika nehlob'awubuni,
Ngikhanyisele ngobhaqa lothando,
Impilo yam'iyachichima
Ngothando lwakho S'thandwa,
Uyinduduzo kowam'umphefumulo..

Sondela siy'olwandle
Siyohlway'amagobolond'ezihlabathini,
Afana nawe muhlekazi wami
Woza sibamban'emanzini,
Sitshuze noShaka bolwandle,
Uthando luval'imilomo yawoshaka
Maseq'amangqabanqesh'othando
Sibon'akekh'ongangathi
Kuwe ngiyonamathela njengenomfi,
Ntandokazi yami ngizilahla kuwe
Kumnyama kubomvu ngingowakho njalo.

2.3.1 Shono izinto ezimbili imbongi nesithandwa sayo abayozenza olwandle. (2)

2.3.2 Imbongi ayizimisele ukwahlukana nesithandwa sayo. Tomula imigqa efakazela lokho. (2)

2.3.3 Mahluko muni okhona phakathi kwalaba bantu?

(a) Omuhle njengendoni yamanzi. (1)

(b) Omuhle ofana nelanga liphuma. (1)

2.3.4 Moya muni esiwuthola kule nkondlo? Tomula imigqa emibili ukufakazela impendulo yakho. (4)

2.3.5 Yini ubhaqa? (1)

2.3.6 Nhloboni yesifenqo esiqukethwe yilo mugqa? "Elakh'ikhanda yimbokod'ebushelelezi". (1)

2.3.7 Ngokwazi kwakho inkondlo, ngonjani umuntu oyisicwicwicwi? (2)

2.3.8 Ichazani imbongi uma ithi "Maseq'amangqabanqesh'othando" (1)
**[15]**

**NOMA**

2.4 Funda le nkondlo elandelayo, bese uphendula imibuzo ezolandela:

Nqaba yami yokulinda,
Ngibong'ukucija owangipha khona,
Ngibonga'amandla owangipha wona
Ngibong'umusa owangingcwelisa ngawo;
Wangakha kwabus'eyakh'intando
Namhla ngiqopha kuqopheke ngawe,
Namhla ngiqamba kuqambeke ngawe.

Ngilinde Nqaba yami,
Ngilahl'inkohliso nokuzidla,
Ngilahl'ubuze nemizindlo yami,
Ngingqimul'ubuwumba ngembath'ubuhlakani
Ngifund'ukudumisa ngendumiso yodwa
Ngifund'ukukhothama ngenkothamo yodwa,
Ngiyolinda kuwe Nqaba yami.

Noma ngingakhathazwa ngezobugagu
Bokuqamba, babongele ngibongele
Amagquma nezintab'eziphakeme,
Keph'awuyena wokubongelwa yimina,
Engigogod'ungwaqa nonkamisa kwamhlaba,
Ngagogod'ubugwaqa nobulula bezomhlaba,
Nqaba yami yokulinda, ngilinde.

2.4.1 Ngokuzwa kwakho inkondlo, yikuphi lokucija imbongi ekhuluma ngakho? (1)

2.4.2 Shono izinto ezimbili imbongi eyaziphiwa yiNqaba. (2)

2.4.3 Imbongi yale nkondlo iyikholwa. Tomula umugqa owodwa ofakazela lokho. (1)

2.4.4 Ichazani imbongi uma ithi.

"Engigogod'ungwaqa nonkamisa kwamhlaba"? (2)

2.4.5 Yikuphi lokhu kukhothama imbongi ebhekisa kukho kule nkondlo? (1)

2.4.6 Ngokuzwa kwakho inkondlo yibuphi lobu bugagu bokuqanmba imbngi ekhuluma ngabo? (2)

2.4.7 Esigabeni sokuqala kukhona izinhlobo ezimbili zokuxhumana. Shono izinhlobo lezo kanye nezibonelo zakhona. (4)

2.4.8 Moya muni esiwuthola kule nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)
**[15]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [30]**

## ISIGABA B

Phendula umbuzo owodwa vo kulesi sigaba. Uma ukhethe umbuzo omude uzophoqeleka ukukhetha omfishane esigabeni C. Kanti uma ngabe uzokhetha omfishane khetha-ke omude ku-C.

## UMBUZO 3

***Ngiwafunge Amabomvu* – L. Molefe**

3.1 Xoxa ngodweshu oluvezwe kulo mdlalo ubhekise kulaba balingiswa: "uZaba, uThulile, uThulisile, uMsanka, izimpelesi,isithunywa. 5 x 6 = **[30]**

**NOMA**

3.2 Funda lezi ziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela:

**Isiqeshana A:**

| | |
|---|---|
| NOKUFIKA: | Hha---a, ngayibona le nto. Wena ubudla ukudla kukaThulisile sonke lesi sikhathi ... (Abambe umlomo). |
| KHONZENI: | Bengithi ngenzela ukuthi nabantu balapha ebukhosini bangaboni ukuthi uThulisile uphambana nenkwahla. |
| NOKUFIKA: | Bewungazi yini ukuthi yonke into kamakoti ogane kanjena iyasetshenzwa ukuze amthande umyeni? |
| KHONZENI: | Ngikucabange kamuva lokho. |
| NOKUFIKA: | Manje sewunenkinga? |
| KHONZENI: | Inkinga embi. UThulisile nje ubelungile adedelwe adlubulundele kanje. Ngeke ngikumele ukuyifihla isikhathi eside le nto engiyizwayo. |

3.2.1 Ngokwazi kwakho indaba, iyiphi le nkinga uKhonzeni abhekene nayo? (2)

3.2.2 Chaza ukuthi ngokunjani lokhu kugana kanjena akhuluma ngakho uNokufika? (2)

3.2.3 Bakuphi laba abakhulumayo? (1)

3.2.4 Kuchazani “ukuphambana nenkwahla”? (2)

3.2.5 Shono izinto ezimbili ezazenziwa nguThulisile ezazibonisa ukuthi uphambana nenkwahla. (2)

3.2.6 Ngubani lo Khonzeni olukhulunywa ngaye? (1)

3.2.7 Chaza kafushane ukuthi uKhonzeni wayivezela kanjani inkosi ukuthi usengenwe uthando. (2)

3.2.8 Sizathu sini esasenza uKhonzeni abone ukuthi kungcono uThulisile adedelwe adlubulundele? (2)

3.2.9 Ngubani isoka likaThulisile? (1)

**[15]**

**Isiqeshana B:**

| | |
|---|---|
| ZABA: | Nda---Ndabezitha (*Abe nesihosho*) Ngi-ngicela uNdabezitha abasindise abazali bami kanye nabo bonke abantu abazofa ngenxa yami nale ntombazane (*Sithi ukuphela isihosho*). Ngiyafunga phambi kwenkosi nabaphansi kanye no-Mvelinqangi ukuthi bonke laba bafa nje bangikhuzile. |
| MGIDI: : | (*Atshake amathe*) Ngeke ngiphendulane nomgodoyi bandla lami. Ngizowudedela nenduna yami entsha lo mgundatshani, ngiyabona ukuthi usafuna ukusikhombisa ukuthi undlunkulu umehlule kanjani ngamazwi ukuze kufike lapha nje. Mthathe nduna. |
| IBANDLA: | Ndabezitha! |

3.2.10 Ngabe bakuphi laba abakhulumayo, futhi bazokwenzani? (2)

3.2.11 Shono isizathu esenza ukuba ingane kaThulisile yethiwe igama lika Sonkanise? (2)

3.2.12 Shono izinto ezimbili ababemkhuza kuzo uZaba. (2)

3.2.13 Yini umgundatshani? (1)

3.2.14 Ngubani lo ndlunkulu okukhulunywa ngaye lapha? (1)

3.2.15 Ngokusho kukaZaba, wayesola bani kulesi senzo sakhe, ethi wenzeni? (3)

3.2.16 UZaba kulo mdlalo uvela njengomlingiswa onesibindi. Veza izinto ezintat hu ezifakazela lokho. (3)

3.2.17 Ngubani uyise womndlunkulu? (1)

**[15]**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [30]**

ISIGABA C

Phendula umbuzo owodwa vo kulesi siqephu. Uma ngabe uphendule omude ku-B phendula omfishane lapha. Kanti uma uphendule omfishane ku-B phendula-ke omude lapha.

**UMBUZO 4**

***Isigcawu Senkantolo* – M.M. Masondo**

4.1 UNgubane uvezwe njengommeli okhaliphile, odume iNyukhasela yonke. Xoxa ngamasu awasebenzisa ukusindisa uKubheka. **[30]**

**NOMA**

4.2 Funda lezi ziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi:

**Isiqeshana A:**

"Ekufikeni kwami esikebheni ngabe ngingayiphethe imali eyizinkulungwane ezintathu zamarandi. Savumelana noMhlobo ukuba ngiyilande ngokushesha."
"Ngaphuthuma ngokushesha emotweni."
"Wathi ungayithola imali wabuyela esikebheni, kwenzekani uma ufika kuso?"
"Ngafika isikebhe siduma. Ngamane ngagibela nginganakanga lutho. Sengiphezulu esikebheni, ngabona ukuthi lo muntu akusiyena uMhlobo, enye nje indoda. Ngayibuza ukuthi ingubani futhi uphi uMhlobo, kodwa ayizange ingiphendule.
"Isimo sezulu sabe sinjani?"
"Kwakunezinkungu kakhulu."
"Kwase kwenzekani ukusuka lapho?"
"Le ndoda yasimisa isikebhe emva kokuhamba ibangana. Yasondela kimi kancane, kancane, ingakhulumi. Ngayibuza okwesibili ukuthi ingubani nokuthi uMhlobo ukuphi na? Ayizange iphendule yamane yavula izandla kungathi ifuna ukungigxavula ngethuka kakhulu."

4.2.1 Ngokwazi kwakho indaba, eyani le mali okukhulunywa ngayo lapho? (1)

4.2.2 Empeleni wayekuphi uMhlobo? (2)

4.2.3 Chaza kafushane okwenziwa nguZethu ngenkathi ebona ukuthi indoda le ifuna ukumgxavula. (4)

4.2.4 UZethu uyakwazi yini ukusebenzisa isibhamu? Wafundiswa ngubani? (2)

4.2.5 Chaza kafushane ukuthi ngubani owabulala uMhlobo, futhi kanjani. (4)

4.2.6 Yini eyayenza eyayenza amaqola afune imvalamlomo emndenini ka Kubheka? (1)

4.2.7 Ngaphandle kukaZethu ngubani omunye owayefanele ukukhipha imvalamlomo? (1)

**[15]**

**Isiqeshana B:**

| |
|---|
| "Mbomvu, ngenkathi ngisejele eVatelifali ngaseNyukhasele, ngafunda ukugunda izinwele kanye nokubeka isitini. Konke lokhu ngangikwenzela ukuthi uma ngiphuma ejele ngibe nemizamo yokuziphilisa ngesikhathi ngisafuna umsebenzi ofanele. Ekuphumeni kwami ejele, ngathola ukuthi impilo kayihambi kalula njengoba bengicabanga. Ngathola ukuthi kufuneka imvume yokwenza le misebenzi. Kwafika nomunye umngane wami esasidonsa naye ejele, naye wayesenkingeni efana ncamashi neyami. Wayedinga imali kanye nemvume" Kuchaza uKubheka ede ephafuza. |

4.2.8 Bakuphi laba abakhulumayo? (1)

4.2.9 Umngane kaKubheka akazange ahlale isikhathi eside kule nkampani yabo. Ngabe kwakuyini isizathu salokho? (2)

4.2.10 Ngokubona kukaKubheka kule nkampani yabo, uZikode, wabe engumuntu onjani? (1)

4.2.11 UZikode wagcina eseshonile chaza kafushane ukuthi wabulawa ngubani kanjani? (5)

4.2.12 Chaza okwenziwa umbulali kaZikode emva kokumbulala (UZikode). (4)

4.2.13 Ngubani owaveza imfihlo yokufa kuka Zikode? Kanjani? (2)

**[15]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [30]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 100**

**ISIPHETHO**